ISoweto ilokishi elikhulukazi ukuwendlula wonke eNingizimu Afrika.

Itholakala edolobheni laseGoli. Abantu abangaphezu kwesigidi babiza iSoweto ngekhaya labo.






Yindawo enomlando omkhulu futhi eyaziwayo.

Abantu baseSoweto basiza kakhulu ukulwela inkululeko.

ISoweto futhi ikhaya likaMongameli Nelson Rolihlahla Mandela nonkosikazi wakhe, uWinnie Nomzamo Mandela. Izingane zabo zikhule kuleli khaya.






Umndeni wakwaMandela unikeze ngaleli khaya ukuba libe inyuziyemu. Lendlu iqukethe inkumbulo yesikhashana abakwaMandela behlezi bonke ndawonye.

Lenyuziyemu idume kakhulu kuzivakashi.

Itholakala esitaladini esidumile saseSoweto, iVilakazi. Lesi sitaladi yisona kuphela isitaladi emhlabeni esinezindlu zabawine umklomelo we-*Nobel Peace*.





Umbhishobhi omkhulu, uDesmond Tutu, umuntu wesibili esitaladini iVilakazi oklonyeliswe ngalomklomelo.

Abantu abahlala eSoweto bavela eNingizimu Afrika yonkana futhi bakhuluma izilimi ezahlukahlukene.






Izigidi zezivakashi kuwo wonke umhlaba zivakasha eSoweto yonke iminyaka. Bathatheka ngomlando nobuhle balendawo.

Bayakujabulela ukuvakashela inyuziyemu nezinye izindawo zomlando namasiko. Kukhona namaqembu amaningi aculayo nasinayo enzelwe ukujabulisa izivakashi, kuso sonke isitaladi seVilakazi.

ISoweto ikhaya lamanye amaqembu amakhulu ebhola eNingizimu Afrika. IKaizer Chiefs ne-Orlando Pirates ngamaqembu anabalandeli abaningi. Lamaqembu futhi ayaziwa kuyo yonke i-Afrika ngokudlala ibhola eliphezulu.




Kukhona imicimbi eminingi eSoweto ekhumbuza abantu ngomlando weNingizimu Afrika. Kwabaningi, iSoweto inikeza ithemba lezwe eliphumelelayo ngoba abantu balo basebenza bonke ukuze balakhe.